

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-15. Qinisekisa ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A, B, C** kanye no-**D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.
 3. Qala isiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nganoma yisiphi isiqephu osithandayo kodwa usiqede ungaxubanisi imibuzo yesiqephu.
 4. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.
 5. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.
 6. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emuva kombuzo.
 7. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.
-

ISIQEPHU A UKUQONDISISA**UMBUZO 1**

1.1 Funda le ndaba engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

IWILE INSIKA YESIZWE SAMAZULU

- 1 **Sizikhotha amaxeba** isizwe samaZulu ngokukhothama kohlanga lomhlabathi, iSilo samaBandla wonke kaZulu, uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu. Izindaba zokukhothama koNgangezwe lakhe zimenezelwe nguNdunankulu wesizwe samaZulu, uMntwana waKwaPhindangene, inkosi uMangosuthu Buthelezi ngoLwesihlanu ekuseni. Isilo sikhothame ziyi-12 kuNdasa ngonyaka wezi-2021. Sikhothamele esibhedlela esiseThekwini e-Inkosi Albert Luthuli Hospital emuva kokugula okumayelana nesifo sikashukela. Ukukhothama kweNgonyama kusho ukuwa kwensika yesizwe samaZulu. Kuyiqiniso elingephikwe ukuthi isizwe **sigqemeke ingozi engeqiwa ntwala** ngalo mshophi.
- 2 INgonyama yazalwa mhla zingama-27 kuNtulikazi ngonyaka we-1948 KwaNongoma. Emuva kokukhothama kukayise iNgonyama uCyprian Bhekuzulu Nyangayezizwe kaSolomon ngonyaka we-1968, uMntwana u-Israel Mcwayizeni kaSolomon wabamba isihlalo sobukhosi kusukela ngalowo nyaka kwaze kwaba ngonyaka we-1971. Emuva kokuhlanganisa iminyaka engama-21 iNgonyama uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu yagcagcelwa ngundlunkulu wokuqala uSibongile Winifred Dlamini, eSt Margaret Church, KwaNongoma mhla zingama-27 kuZibandlela ngonyaka we-1969. Kwathi isineminyaka engama-23 yabekwa ngokwesiko njengeSilo samaZulu sesi-8, mhlazi-3 kuZibandlela ngonyaka we-1971 KwaNongoma. ISilo sishiye ondlunkulu baso abayi-6 namazinyane angama-28.
- 3 INgonyama uZwelithini ingene esihlalweni sobukhosi ngesikhathi esinzima kuleli zwe, lapho iningi emphakathini belingenakho ukuqonda okuphelele ngomehluko okhona phakathi kweNgonyama ebusa ngaphansi kukahulumeni, wentando yeningi nombuso wengcindezelo. Ngesikhathi sombuso wengcindezelo ubukhosi baKwaZulu babungaphansi kukahulumeni waKwaZulu. Wawuholwa uMntwana waKwaPhindangene, uMangosuthu Buthelezi futhi zonke izidingo zeSilo zazibhekelelwa uhulumeni waKwaZulu. Ngesikhathi sikahulumeni wentando yeningi ubukhosi baKwaZulu buthole ukuhlonipheka ngoba uhulumeni obusayo uyabuhlonipha ubuholi bendabuko. Uhulumeni uyena obhekelela izidingo zeSilo.

- 4 INgonyama uZwelithini ifeze okuningi okusemqoka esizweni samaZulu phakathi kokunye okubalwa ukuvuselela uMkhosi woMhlanga oqondene nokugqugquzela ukuziphatha kahle kwezintombi zesizwe samaZulu. Lo mkhosi ugcine unewozawoza nasezintombini zasemadolobheni amakhulu eGauteng.
- 5 INgonyama uZwelithini yavuselela noMkhosi wokweShwama, umsuka wawo okwabe kuwukunikeza abantu ilungelo lokudla ukudla okusha kwasehlobo, nawo uye wagqama sekuphethe iSilo. Okunye okumqoka esizweni esikwenzile iSilo ukuvuselela isiko lokusoka. Phela nakwaZulu intsha engamabhungu yayisokwa kodwa lokhu kwaqedwa yiSilo uShaka kaSenzangakhona ngoba kwakushayisana nezinhlelo zaso zokubuthwa kwamabutho embhidlangweni waso wokwandisa umbuso kaZulu.
- 6 Ngonyaka wezi-2010 iSilo uZwelithini sezwa ngezincomo zabezempilo ukuthi ukusoka kuyakunciphisa ukuthelelana ngesandulelangculaza. Sabe sesiphakamisa ukuba livuselelwe leli siko kodwa ngendlela ezosingathwa ngabezempilo njengoba iSilo bese silwa impi eyahlukile yengculaza ebibhuqabhuqa isizwe sayo. Olunye udaba oluye luphakamise imimoya kwabaningi yilolo lomhlaba owathathwa yizifikanamthwalo kuleli. Ngesikhathi sokungena kukahulumeni wentando yeningi, yingxenywe engamaphesenti angama-32 yomhlaba kuphela ebisasele ezandleni zamakhosi endabuko KwaZulu-Natali nebivikelwe yiSilo ngesakhiwo somthetho *Ingonyama Trust*, iNgonyama ebingusihlalo waso.
- 7 Umhlaba ubaluleke kakhulu kubantu abangamaZulu abakhe ezindaweni ezisemakhaya eziphethwe ngamakhosi, uyikho konke. Uyikhaya, uyinsimu, ungamadlelo uphinde ube yindawo lapho kulondolozwe khona imizimba yemindeni nezithandwa zayo.
- 8 Emuva kokukhothama kweSilo kwasabalala emaphephandabeni nasezinkundleni zokuxhumana ukuthi uhulumeni waseNingizimu Afrika ubenika iNdlunkulu yakwaZulu imali elinganiselwa ezigidini ezingama-71 ngonyaka. Lokhu kwenzeka ngoba isigaba se-12 somthethosisekelo waseNingizimu Afrika sihlonipha isikhundla neqhaza elidlalwa ubukhosi bendabuko ngaphansi kwe-*Indigenous Law*. Njengoba iNgonyama ibusa ngaphansi komthetho kahulumeni, iyinhloko yobukhosi bona obuyisakhiwo sobuholi bendabuko esihlonishwa wuhulumeni nesibunjwe ngamakhosi ezindawo.
- 9 Ngesikhathi iNgonyama yethula inkulumo yokuvulwa kwesishayamthetho sesifundazwe KwaZulu-Natali mhla zingama-28 kuMandulo ngonyaka wezi-2003, yeluleka uhulumeni namalungu esishayamthetho ukuba babulalele ubukhosi, yathi: "Amakhosi akuboniswa nawo futhi awafakiwe ekucangcathweni kwezinqumo eziyithinta ngqo imisebenzi yawo yemihla ngemihla. Ubukhosi bakwaZulu buyinto esibekhona kusukela endulo futhi baqhubeka nokubakhona ngaphezu kwezinqinamba eziningi obubhekane nazo phansi kwemibuso edlule yobukoloni." Ubukhosi besizwe samaZulu buthathwa njengobukhulu eNingizimu Afrika kunobezinye izizwe.
- 10 Iqhaza elimqoka lenkosi wukuba wuphawu lobunye emphakathini. Ngakho-ke umcabango wokuthi ubukhosi busazoshabalala ngoba sesinohulumeni wentando yeningi, uyogcina ngokuba yiphupho nje. INgonyama yesizwe samaZulu ibiziqhayisa ngeqhaza elibanjwe nguNdunankulu kaZulu, uMntwana waKwaPhindangene, u-MG Buthelezi obulwele ubuholi bendabuko kuleli zwe.

[Indaba icashunwe ephephandabeni *Ilanga LangeSonto*, langomhlaka-14 kuNdasa 2021, yabuye yalungiswa]

- 1.1.1 Nikeza incazelo yezimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile esiqeshini ezisesigabeni soku-1 sendaba. (2)
- 1.1.2 Yisho ukuthi kungani uMntwana uMcwayizeni abamba isikhundla sobukhosi ngonyaka we-1968. (1)
- 1.1.3 Chaza ukuthi igama umshophi lisetshenziswe kahle yini kule ndaba. (1)
- 1.1.4 Nika isizathu sokuthi kungani umbhali ebiza lesi sehlakalo njengokuwa kwensika. (1)
- 1.1.5 Hlaziya ukuthi kungabe isitatimende esithi, 'ubukhosi besizwe samaZulu buthathwa njengobukhulu kunobezinye izizwe eNingizimu Afrika,' singumbono noma yiqiniso. Sekela okushoyo. (2)
- 1.1.6 Phawula uveze umbono wakho ngesizathu seSilo uShaka sokuvala isiko lokusoka esizweni samaZulu. (2)
- 1.1.7 Qhakambisa umehluko okhona ngesikhathi ubukhosi bakwaZulu busengaphansi kukahulumeni wengcindezelo nangesikhathi sebungaphansi kukahulumeni wentando yeningi. (2)
- 1.1.8 Hlaziya ukuthi yini iSilo samaZulu esesakhothama uZwelithini esasikugwema ngokuthi isiko lokusoka lisingathwe umnyango wezempilo kwaZulu-Natali esikhathini samanje. (2)
- 1.1.9 Chaza kafishane ukuthi kungani umbhali wale ndaba ethi, udaba lomhlaba luphakamisa imimoya kubantu baKwaZulu-Natali. (2)
- 1.1.10 Phawula ngendima edlalwe uhulumeni waseNingizimu Afrika ukuqiniseka ukuthi ubukhosi bendabuko bamaZulu abushabalali. (3)
- 1.1.11 Hlolisisa ukuthi kwakuyini inhloso yeSilo uZwelithini yokuvuselela umkhosi womhlanga. (2)

[20]

1.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

[Sicashunwe ku-inthanethi]

Nyawo zami ngibelete!

Uma uzinakekela wena, usiza ukunakekela nabanye abantu.

Asiphuthume siyogoma, i*Corona virus* ingumashayabhuqe!

- 1.2.1 Chaza ukuthi kungani abantu abakule khathuni bethi nyawo zami ngibelete. (1)
- 1.2.2 Chaza ukuthi kungani igciwane i*Corona virus* livezwe laba likhulu kunabantu. (1)
- 1.2.3 Amazwi athi, 'i*Corona virus* ingumashayabhuqe' achazani? (1)
- 1.2.4 Hlaziya ubuye unikeze incazelo yamazwi athi: ukuzinakekela wena, usiza ukunakekela abanye abantu. (2)

[5]

Amamaki angama-25

ISIQEPHU B UKUFINGQA**UMBUZO 2****IMIYALELO**

1. Fingqa lesi siqeshana ngamagama akho azoba ngama-70 kuya kwangama-80.
2. Fingqa kube yisigatshana kodwa amaphuzu agqame abe mahlanu.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ufingqa.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

IZIQIWI ZIWUSIZO EMPHAKATHINI

Kuyintokozo enkulu ukuba yisakhamuzi saKwaZulu-Natali, okuyisifundazwe esinomlando omuhle futhi onothile kwezokuvakasha nokongiwa kwemvelo. Kuningi lesi sifundazwe esizigqaja ngakho nokuheha izivakashi eziqhamuka ezindaweni ezahlukene, zifike zikuthokozele. Lesi sifundazwe sinezilwane zasendle ezahlukene.

Abanye bakhonze ukuvakashela izintaba zoKhahlamba (iMaloti Drakensberg Park World Heritage Site), abanye bakhonze ukuvakashela kwezigudle ulwandle, nezinamaxhaphozi ngaphansi kweSimangaliso Wetland Park World Heritage Site.

Abantu banqamula izinkalo, bezobona izilwane zasendle ngoba zingekho lapho behlala ngakhona noma benothando lokuzobona lezi ezitholakala kulesi sifundazwe. Njengoba iningi lazi, enyakatho neKwaZulu-Natali kukhona isiqiwi iHluhluwe iMfolozi Park (HiP), esinezilwane zasendle ezinkulu kunazo zonke emhlabeni (*Big Five*) okubalwa ibhubesi, ingwe, inyathi, indlovu kanye nobhejane.

Sekuthanda ukuba inzukazikeyi umchilo wesidwaba ukungqubuzana kwemibono phakathi kwemiphakathi eyakhele isiqiwi nenhlangano eyengamele ukongiwa kwemvelo KwaZulu-Natali, i-Ezemvelo KZN Wildlife. Lokhu kushayisana okwaziwa ngolimi lwasemzini ngokuthi yi*Human Wildlife Conflict*, kudala ingxabano engadala umonakalo omkhulu uma kungalungiswa.

Esikhathini esiningi umsindo ususwa izilwane ezisuke zeqe esiqiwini zifike zidale umonakalo emiphakathini ngokuthi zidle imfuyo yawo, zicekele phansi izakhiwo, zilimaze nomphakathi. Izigameko okuke kubikwe ngazo kuvamise ukuthi kube ngezempisi ezeqa esiqiwini zifike zidle imfuyo yomphakathi noma kube yingwe efika ibhubhise ezimbuzini. Ngokomthetho omile okwamanje, umonakalo odalwe impisi nengwe awukhokhelwa.

Isizathu sokungakhokhelwa kwawo wukuthi lezi zihlonzwa njengezokudabuka kuleli futhi ezinye zazo zitholakala ngaphandle kweziqiwi. Nakuba kukhona ezihlala ngaphandle kweziqiwi, kubalulekile ukuxwayisa umphakathi ngokuthi kuyicala elibomvu ukuzibulala. Abanikazi bemfuyo esuke idliwe amabhubesi, amankentshane noma ingulule bayakwazi ukufaka izicelo zezinxephezelo kulandelwe imigudu efanele.

Uma abezemvelo bekuqinisekisa ukuthi imfuyo efile isuke idliwe yilezi zilwane, umphakathi uyakwazi ukuthola inkokhelo eyisinxephezelo somonakalo odalekile, yize kuthatha isikhathi. Sizokhumbula isigameko samabhubesi eqa eNgolotshe kwadaleka umonakalo. Abanikazi bemfuyo eyacekeleka phansi bakwazi ukuthola isinxephezelo ngokulandela imigudu efanele. Khona manjalo,

sizokhumbula izigameko zakamuva lapho umphakathi waseBhiliya, kwaSomopho uvuke umbhejazane wayocckela phansi ucingo lwesiqiwi walushisa nesango.

Lesi senzo sigxekwa ngabaningi ngoba siphazamise sabeka nomphakathi engcupheni yokuhlaselwa izilwane. Umphakathi uze wakhohlwa nawukuthi abezeMvelo bawakhela amadamu angaphezulu kwamathathu. Kuningi okutholwa imiphakathi ehlukeneyakhele iziqiwi. Kukhona abenza imisebenzi yezandla bese beyidayisela izivakashi ezisuke zize eziqiwini, kubekhona nabadayisa ngezithelo. Uma uqala umbhikisho ocekela phansi impahla yesiqiwi awudali kuphela umonakalo kwabezeMvelo kepha nakulaba abenza inzuzo ngokuhweba emigwaqweni.

[Icashunwe ephelandabeni *iLanga LangeSonto*, kuNhlaba 28, 2021, Ikhasi 11 yabuye yalungiswa]

Uzomakwa kanje:

Amaphuzu amahlanu = 5

Amagama omfundi = 3

Ukubhala isigatshana = 1

Inani lamagama = 1

Amamaki ayi-10

ISIQEPHU C IZINKONDLO**UMBUZO 3****INKONDLO ENGAFUNDWANGA EKILASINI**

3.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UZOGIYA NGANI?: B. V. Hlophe

- 1 Ngikufumbathise iklwa nengcula,
- 2 Ngakufumbathisa ubhoko nehawu;
- 3 Ngadumela isiphongwana ngakwenzel' imbeleko,
- 4 Ngakuqinisa ukhakhayi ngenyongo;
- 5 Ngathi ngizoba yicabanswani kule nyathuko,
- 6 Ngenzela ukubhubhisa ixhala lempi;
- 7 Konke kwaphephuka namaza.

- 8 Ngangifisa uyibambe njengohlanya,
- 9 Kugqabuke ibheshu nesinene,
- 10 Izinja zikhonkothe zigonyuluke;
- 11 Ubaqoba ubaphihliza ngeyobuchopho,
- 12 Ngisho sekutheleka izikhukhula,
- 13 Kubophe ukuhlwa uyibambile
- 14 Ngichobe amazenze akudidisayo,
- 15 Ke wena dinsi ihawu nobhoko,
- 16 Labalela sewungasekho eshashalazini.

- 17 Konke kwakhukhula nolwandle,
- 18 Ubuvaka bakwenza ibhola
- 19 Ngemivimbo emithathu wahlanya;
- 20 Ubusika bafika sewusendleleni,
- 21 Ububha sebukwenza amagende,
- 22 Ejazini lami wabambelela wadedela;
- 23 Sengibuka umvimbi okunyonyobelayo,
- 24 Ihamba lapho-ke ekamathanda.

[Icashunwe encwadini ethi, *Imibengo*: Ikhasi 3]

3.1.1 Hlaziya ukuthi imbongi iqondeni ngezimo zokukhuluma ezingezansi:

- | | | |
|-----|-----------|-----|
| (a) | inyathuko | (1) |
| (b) | ubuvaka | (1) |

3.1.2 Chaza ukuthi yini inhloso yimbongi yokusebenzisa imvumelwano-siqalo esitanzeni soku-1. (1)

3.1.3 Hlaziya ukuthi amagama atholakala esitanzeni soku-1, umugqa wesi-3 nowesi-4 asinika mqondo muni ngenkolelo yimbongi. (2)

3.1.4 Hluza ukuthi isigqi sale nkondlo siwulolonga kanjani umqondo wenkondlo. (2)

3.1.5 Hlaziya ukuthi isihloko sale nkondlo sihambisana kanjani nokushiwo yinkondlo. Sekela okushoyo. (3)

[10]

IZINKONDLO EZIFUNDWE EKILASINI

3.2 Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

LELI BANDLA: J. J. Thwala

- 1 Wo, hhe! Leli bandla,
- 2 Isimangaliso sezimangaliso,
- 3 Impicabadala yezimpicabadala,
- 4 Inkanankana yezinkanankana.

- 5 Wo, hhe! Umfundisi walo
- 6 Ukhuluma lokhu enze lokhuya,
- 7 Ufundisa lokhu enze lokhuya,
- 8 Amaphosiso uwashiba namaqiniso.

- 9 Izwi lakhe aliweli phansi
- 10 Emalungeni ebandla lakhe,
- 11 Izenzo zakhe ziwungqoqwane
- 12 Kulabo angaconsi phansi kubona.

- 13 Wo, hhe! leli bandla,
- 14 Imfundiso yalo eyocwasano,
- 15 Impilo yalo eyocwasano,
- 16 Kodwa kugqanyisw' ubukholwa!

- 17 Ikhamba lesizwe ligenciwe,
- 18 Izinsika zezwe zawiswa,
- 19 Ubuhle bezwe baphushiswa –
- 20 Yimiphumela yaleli bandla.

- 21 Liph' iqiniso kuleli bandla?
- 22 Buph' ubuntu kuleli bandla?
- 23 Amanga neqiniso kumbala munye,
- 24 Ubuhle nobubi kusimo sinye.

- 3.2.1 Shono ukuthi impindwa isinika mqondo muni ngesimo sembongi kule nkondlo. (1)
- 3.2.2 Isimo sokukhuluma esisemgqeni wesi-9 sigcizelela mqondo muni kule nkondlo? Sekela okushoyo. (2)
- 3.2.3 Yisho ukuthi onkamisa ababhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-4 kuthiwa yini ngolimi lobunkondlo, kanti yini umsebenzi wakho. (2)
- 3.2.4 Chaza ukuthi amazwi atholakala emigqeni wama-21 nowama-22 aveza sithombe sini ngokwenzeka kuleli bandla. (2)
- 3.2.5 Hlaziya izenzo zomfundisi nebandla ezinganambitheki ezivezwe yimbongi kule nkondlo. (3)

[10]

3.3 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGIYEZWA MFUNDISI: S. N. Mhlanga

- 1 Ngiyezwa mfundisi,
- 2 Le ndaba oyikhulumayo
- 3 Ingihlaba umxhwele.
- 4 Indlebe ikhongozele,
- 5 Ubuchopho bufuthelwa umzabalazo
- 6 Wale mfihlo yomhlabathi
- 7 Engadabuka kuwona.

- 8 Kuyiqiniso mfundisi,
- 9 Ukuth' umhlabath' uyophila:
- 10 Kuwona kuqhakaz' izithombo,
- 11 Kuwona kuqhakaz' izimbali
- 12 Ekugcinen' impilo iyolotha.
- 13 Umhlabath' ubuyel' emhlabathini,
- 14 Uphind' ube yimvundo yomuny' umhlabathi!

- 15 Ngixakwa yinto yinye mfundisi,
- 16 Yimpilo yokuphila komhlabathi
- 17 Emuva kokuphila kwawo kulo mhlabathi.
- 18 Mfundisi, uyakuchith' ukuphila komhlabathi
- 19 Nesabelo sawo kumhlabath' ophilayo
- 20 Uyasichith' isigodlo samathongo,
- 21 Uyasichith' ukuphila komhlabathi ngale

- 22 Nxa uthi mfundisi
- 23 Indlalifa yezulu iyobuya,
- 24 Iyobuyela muph' umhlabathi
- 25 Oyob' usulotheke waphela
- 26 Ungasenakh' ukuphila komphefumulo?
- 27 Uyokuzwa ngaziph' izindlebe,
- 28 Ngob' uyob' usubuyele lapho wavela
- 29 Khona?

- 30 Ngiyezwa mfundisi,
- 31 Uthi oBabamkhulu kabekho,
- 32 Lowo ngumqondo nje wenkumbulo
- 33 Nokuzikhohlisa ngethemb' elinenkungu.
- 34 Sisenkungwini mfundisi,
- 35 Sikhulela kulona leli lofasimba,
- 36 Nezizukulwane ziyolufica
- 37 Zibuye zilushiye,
- 38 Yikhona kuphila kwesizwe,
- 39 Siyobuthana sibuthene ngomqondo,
- 40 Yibona bumnandi bempilo,
- 41 Pho, siyobona sekuqoqwa!

- 3.3.1 Cacisa ukuthi ukusetshenziswa kwesifengqo esisemgqeni wama-20 kuwuthuthukisa kanjani umqondo wenkondlo. (2)
- 3.3.2 Chaza umqondo ogcizelelwa yimbongi esitanzeni soku-1. (2)
- 3.3.3 Hlaziya imfihlo yomhlabathi evezwa yimbongi esitanzeni sesi-2. (3)
- 3.3.4 Hlaziya ukuthi yini evezwe yimbongi esitanzeni sesi-5. Sekela kahle amaphuzu akho. (3)
- [10]**

Amamaki angama-30

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 4**

4.1 Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ukuqala konyaka omusha kusho izinguquko eziningi njengoba siphuma emaholidini kaKhisimusi. Kwabanye kuchaza ukwehlisa isisindo somzimba. Iningi lifisa **ukukhuculula** imizimba ngemuva kokudla izibiliboco kanti abanye bafuna ukubuyela esisindweni abebekuso ngaphambi kwamaholidi. Phela akujimeki kahle ngamaholidi njengoba abaningi basuke bezipholele emuva kokusebenza kanzima unyaka wonke. Kuzokhuluma umzimba womuntu ozimisele impela.

4.1.1 Funda imisho engezansi bese usebenzisa izihlanganiso ozinikiwe ukwakha umusho omagatsha:

Ngizobuyela esisindweni somzimba ebingikuso ngaphambi kwamaholidi. Ngidinga ukujima. Abanye bazipholele nje emakhaya.

**anduba
nanoma**

(2)

4.1.2 Bhala isenzo esinomqondofana nesithi, ukukhuculula, bese usisebenzisa emshweni.

(2)

4.1.3 Shono ukuthi amazwi athi, "kuzokhuluma umzimba womuntu ozimisele", aluhlobo luni lwesimo sokukhuluma. Chaza futhi umqondo awuvezayo.

(2)

4.1.4 Sebenzisa igama, "-jima" emshweni ozakhele wona libe yisichasiso.

(2)
[8]

4.2 Funda le ngxoxo bese uphendula imibuzo ezolandela.



- UMthengi: Siyabonana Nkosikazi.
- uNkosikazi Ngonyama: Yebo Mnumzane. Ninjani kodwa? Ngingakusiza ngani?
- UMthengi: Yebo. Ngingeniswa ukubona isitolo esihle kangaka endaweni yakwanjayiphume. Ungangixhumanisa nomnikazi walesi sitolo ngimncome ngingakathengi?
- UNkosikazi Ngonyama: *(ehleka)* Nguyena lo okhuluma naye ...
- UMthengi: *(exhawula)* Hawu! Kanti nguwe ophethe isitolo ngobungoti obunje?
- UNkosikazi Ngonyama: *(emamatheka)* Ngiyawabonga amazwi akho.
- UMthengi: Akuvamile ukuba abantu besifazane benze kanje emabhizinisini bengasekiwe ngumuntu wesilisa. Cha unamandla Nkosikazi.
- UNkosikazi Ngonyama: Kanti-ke nomuntu wesifazane uyakwazi nje ukuzivelela!
- UMthengi: Sikufisela inhlanhla. *(Bahlukane)*

[Umbhalo wokuziqambela]

- 4.2.1 Ngamaphuzu amabili, chaza ukuthi kuyiqiniso noma kuwumbono yini ukuthi lo mthengi wayengezile ukuzothenga lapha. (2)
- 4.2.2 Yimaphi amazwi omthengi akhombisa ukuchema nokucwasa? (2)
- 4.2.3 Chaza umqondo omumethwe yigama: kwanjayiphume. (2)
- 4.2.4 Cacisa ukuthi igama lokuzivelela likunika sithombe sini ngoNkosikazi Ngonyama. (1)
- [7]**

4.3 Fundisisa lesi sikhangiso esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

KUCONSISA AMATHE!

Uhlezi ekhaya udla amathambo engqondo.
Uzodlani? Uyafa yinkemane? Kuthi khala manje?
Ungahlupheki! Woza eNambitha.

ENambitha sidayisa ukudla kwesintu:
Inyama yenhloko, usu, ujeqe, isitambu, amadombolo, amasi nokunye.

Ukudla kwethu kushaya khona! Woza
mama, baba, mkhulu, gogo nani zingane!

Esitolo sethu sokudla kuthenga wonke
umuntu; odla izambane likapondo,
nodla imbuya ngothi. Wamukelekile!

*Ikheli: 35 Ntethe Road, eThekwini
Inombolo yocingo: 031 462 1040
Isikhathi sokuvula: 10h00 ekuseni
Isikhathi sokuvala: 09h00 ebusuku*

**UNGAPHUTHELWA!**

[Sicashunwe ku-inthanethi]

- 4.3.1 Yisho ukuthi yini inhloso yokufakwa kwegama: ungaphuthelwa! (1)
- 4.3.2 Veza amasu amabili asetshenziswe ngumbhali ukunxenxa abathengi. (2)
- 4.3.3 Chaza ukuthi kungani umbhali ephindaphinde uphawu lokubabaza kulesi sikhangiso. (1)
- 4.3.4 Chaza ukuthi amagama athi, "kuconsisa amathe" ahlose ukudlulisa myalezo muni ngalesi sikhangiso. (2)
- 4.3.5 Hlolisisa ukuthi imininingwane yaseNambitha efakwe kulesi sikhangiso ingaba wusizo kanjani kubathengi. (2)
- 4.3.6 Chaza ukuthi kumqoka kanjani ukuthi umuntu odla izambane likapondo nodla imbuya ngothi bamukelekile. (2)

[10]

UMBUZO 5

Funda lesi sigatshana esilandelayo bese ulungisa lapho kungabhalekanga khona kahle ngokufaka izimpawu zokuloba, ubhalomagama olufanele nosonhlamvukazi endaweni efanele.

Kufikani engqondweni uma ubuka imvelo. Yimfihlo kankulunkulu ngakhoke kumele siyinakekele. Mhlawumbe ukuhlasela kwezikhukhula nokuguquguquka kwesimo sezulu ngaloluhlobo, kungukushaywa kwethu ngokungakwazi ukunakekela imvelo. Bheka nje ikapa lodumo laziwa ngembali iphrothiya. Impumalanga inohlobo lomuthi okuthiwa ibhawubhawu, abesuthu abawubiza ngokuthi umotsoo. Ungabe awuzifundile izindaba ephephandabeni isolezwe, kukhalwa ngokubulawa kobhejane ngenhloso. Maye babo. Zavelelwa izilwane zikathixo.

[10]**Amamaki angama-35****Amamaki esewonke: 100**